INOMBOLO YETHENDA HRE 279F

UKUDAYISWA NGETHENDA EVULEKELE UWONKEWONKE KWESIZA SOMUZI OKWAKHIWE KUSONA ESIKWANOMBOLO 10 KLOOFLANDS ROAD, KLOOF

Ikheli: 10 Klooflands Road, Kloof
Incazelo: Rem of Erf 207 Kloof Township Ext 4
Inani okuqalwa kulo: R850 000
Ubukhulu: 2 068m²
Ukuklanywa: Special Residential
Idiphozi: 10% wentengo amabhidi okufanele aqale kuyona (R85 000)
Imibhalo yamathenda itholakala ehhovisi lika-Cashier, Ground Floor, City Engineers' Building, 166 KE Masinga Road (phambilini obewaziwa ngo-Old Fort Road), eThekwini. Qaphela ukuthi ukuhlungwa kwaleli thenda kuzokwenziwa ngokomgomo walo Masipala wokunika amathuba labo abebencishiwe esikhathini esedlule. Abafaka amabhidi kufanele bakhokhe idiphozi engu-10% (wentengo amabhidi okufanele aqale kuyona). Lowo nalowo mqulu wamafomu aleli thenda olandwayo ukhokhelwa imali engeke ibuye engu-R100. Ukubonwa kwalesi siza, okungaphoqelekile ukuba kwenziwe, kuzokwenziwa mhla ka 2009-11-11, kusukela ngo-9:00 kuya ku-12:00. Leli thenda lizovalwa ngo-11:00 ngoLwesihlanu, mhla ka-2009-11-20, okuwusuku amathenda afakiweyo ayovulwa ngalo phambi kwabantu. Eminye imininingwane itholakala kuKhulekani Zwane noma kuDumi Makhetha kulezi zinombolo zocingo 031-311 4388 noma 031-311 4324, ngezikhathi zokusebenza ezejwayelekile.

Dkt. MO Sutcliffe
IMenenja yeDolobha

ISAZISO

IZICHIBIYELO EZIHLONGOZWAYO EZINHLELWENI ZOKUHLELWA KWEDOLOBHA: WESTVILLE, ETHEKWINI: ENDAWENI YASEMARYVALE/ ROOSFONTEIN

Lesi yisaziso sokuthi uMkhandlu usufake isicelo ngaphansi kwesigaba-47bis A (2) sifundwa kanye nesigaba-74ter se-Odinensi eyengamele ukuhlelwa kwedolobha, 1949 (i-Odinensi engunombolo 27 ka-1949) (njengokuchitshiyelwa kwayo), ukuthi i-Development Planning, Environment and Management Unit kaMasipala weTheku isihlongoze ukuba kuchitshiyelwe uhlelo olubizwa nge-Durban and Westville Town Planning Scheme olusalungiselelwa ngokuklama kabusha umhlaba ochazwe njengo-Erf 2180, Erf 2181, Erf 2182, Portion 6 of Erf 2369 kanye no-Rem of Erf 3269 all of Westville usuke ekuklanyweni njenge-Special Residential 1200 ube yi-General Residential, General Commercial, Intermediate Residential 2 kanye ne-Environmental Conservation Reserve kanye no-Portion of Rem of 1875 Cato Manor No 45 usuke ekuklanyweni njengo-Special Residential kanye ne-Existing Road kulolu hlelo ube yi-General Residential ohlelweni lwaseWestville njengokuba kukhonjisiwe ePulanini engunombolo 19. I-Roosfontein Nature Reserve ese-Maryvale isibekhona endaweni engavikelekile iminyaka emininginingi. Kuphakanyiswa ukuba iklanywe kabusha ngokufanelekile ukuba isetshenziselwe lokhu futhi bese iyanwetshwa. Lokhu kuthathwa njengesinyathelo sokuqala esibheke ekumemezeleni yonke le ndawo njengendawo evikekelwe umthetho ngokubambisana nabeZemvelo KZN Wildlife, ibe yisiqiwi ngaphansi komthetho i-National Enviromental Management: Protected Areas Act. Kuhlongozwa nokuthi kuklanywe kanyekanye izingxenye ezimbili zeMaryvale ngenhloso yokuzenza indawo yokuhlala, enye eseduzane neChesterville Extension eyaziwa njenge Roosfontein Hill Housing Project bese enye iba phakathi kweSyringa Avenue maqondana neDawncliffe ngenhloso yokwakha izindlu. Umbiko owahlongoza loku okungenhla wethulwa eMkhandlwini ngo-Okthoba 2009. **Umhlangano nomphakathi ozobanjwa ngenhloso yokumbandakanya umphakathi kulolu hlelo, njengokwesigaba 74 ter, uhlelelwe ukuba ube sehholo lomphakathi eWestville, ngoLwesine mhlaka 19 Novemba 2009, ngo 17:00, umhlanganjo ube uzoqala ngo 17:30 uphele ngo-19:00.** Amakhophi ombiko ophakamisa lezi zinguquko angabonwa yilabo abafisa ukuwabona kulezi zindawo: emahhovisi akwa-Enviromental Management, Room 226, Development Planning & City Engineers Building, 166 KE Masinga Road (phambilini obuwaziwa ngo-Old Fort Road), eThekwini; noma eDevelopment and Planning Environment and Management Unit's, Club Lane, Pinetown, ngezikhathi zomsebenzi ezijwayelekile. Lo mbiko uyatholakala nakuwebsite kaMasipala enaleli likheli: *http://www.durban.gov.za/durban/services/environment.* Abafisa ukubeka imibono ethile ngalokhu bangayibhala phansi bese beyithumela kuleli kheli le-email: forbesj@durban.gov.za noma bayiposele kuleli kheli: Head: Development Planning Environment and Management, P.O Box 680, Durban, 4001, noma bayilethe ku-166 KE Masinga Road (phambilini obuwaziwa ngo-Old Fort Road), eThekwini, noma ngefeksi kulenombolo 031-311 7134 ifike engakashayi umhlaka 11 Disemba 2009. Niyaziswa ukuthi labo abahluleka ukuletha imibono yabo ebhaliwe kuze kufike usuku lokuvala bayophuthelwa yithuba lokubandakanyeka kulolu hlelo esikhathini esizayo Kudingeka kuphawulwe futhi ukuthi lesi sikhathi esinikeziwe singaphezulu kwezinsuku ezibekwe wumthetho ezingamashumi amathathu.

S T MOONSAMY
INHLOKO: DEVELOPMENT PLANNING ENVIRONMENT & MANAGEMENT

ISAZISO

IPULANI YENDAWO YASECATO RIDGE NAMAPHETHELO NESU LOKUTHUTHUKISA LE NDAWO
Imihlangano yokucobelelana ngolwazi

Umnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho kaHulumeni Wesifundazwe saKwaZulu-Natali ubambisene noMasipala weTheku bahlele imihlangano nemiphakathi yaseCato Ridge namaphethelo kanye naseMpumalanga inhloso yayo okuwukwazisa nokuchaza ngezinhlelo zalo mnyango kanye noMasipala zokuthuthukisa lesi sifunda. Abaluleki bakwa-GMA nabakwa-Focus Projet Management bazobe bechaza ukusuka nokuhlala ngalezi zinhlelo, kanti le mihlangano ihlelwe kanje:

Indawo	**Abalindelekile emhlanganweni**	**Usuku**	**Isikhathi**
Mpumalanga Township Manager's Board Room	Mpumalanga Hammarsdale	11 November 2009	10.00 – 12.00
Ximba Community Hall	KwaXimba Community	9 November 2009	10.00 – 12.00
Fredville Michael Gwala Hall	Fredville Community	10 November 2009	10.00 – 12.00
Catoridge library Activity Room	Harrison/Cato Ridge Industrial Businesses	12 November 2009	10.00 -12.00

Ukuza kwenu kule mihlangano nokubamba iqhaza kule phrojekthi siyokuthakasela kakhulu. Imibuzo: Trivi Arjunan / Amanatha Frankson, ucingo: 031-3122093; email trivi@focuspm.co.za / amantha@crowie.co.za .

Peter Gilmore
Project Manager: Ethekwini Economic Development Unit

UMASIPALA WASETHEKWINI

ISAZISO NGAPHANSI KWESIGABA 6A SOMTRHETHO IBUSINESSES ACT, 1991 (UMTHETHO 71 KA-1991)

RIVERHORSE VALLEY BUSINESS ESTATE; EKWAMASHU TOWNCENTRE; UMLAZI MISSION A , ESIGCEMENI SAKWA D, S & V EMLAZI KANYE NASEZINDAWENI EZISONDELENE NENKUNDLA YEZEMIDLALO I- SUGAR RAY XULU

UMasipala waseThekwini, kulandela umhlangano wawo wangomhlaka 27 Juni 2009, ukhipha isaziso ngokweSigaba 6A (2) (e) soMthetho i-Businesses Act, 1991 (Umthetho 71 ka-1991), njengokuchitshiyelwa kwawo, ukuthi lezi zindawo ezishiwo lapha ngenzansi ziyizindawo lapho ukuqhuba ibhizinisi njengomdayisi osebenzela emgwaqweni noma njengomdayisi ohamba noma ozulazula edayisa kungavunyelwe khona noma kubekelwe le mibandela eshiwo ngezansi, futhi njengokuba kukhonjisiwe kule midwebo engonombolo 4479/2; SJ 4538/10; SJ 4568/5 no-SJ 4568/4, eyenziwe ngokwezidingo zeSigaba 6A (2) (d):

Riverhorse Valley Business Estate
Ngaphakathi kwendawo echazwe ngezansi (kubalwa nawo womabili amacala emigwaqo yomphakathi eshiwo, ngaphandle uma kushiwo okwehlukile):
Kusukela esiphambanweni sikaPhoenix Highway no-Industrial Park Road, eningizimu mpumalanga kugudla uPhoenix Highway kuze kufike endaweni ebekelwe ujantshi wesitimela (ulayini ohamba phakathi kweTheku nePhoenix), kubheke ngaseningizimu kugudla icala elingasentshonalanga lendawo ebekelwe ujantshi wesitimela kuze kuyoshona kuM25 KwaMashu Highway, enyakatho-ntshonalanga kugudla iKwaMashu Highway kuya ku-Industrial Park Road, enyakatho-ntshonalanga kugudla u-Industrial Park Road kuze kuyofika ekuqaleni esiphambanweni sika-Industrial Park Road no Phoenix Highway.

KwaMashu Towncentre
Ngaphakathi kwendawo echazwe ngezansi (kubalwa nawo womabili amacala emigwaqo yomphakathi eshiwo, ngaphandle uma kushiwo okwehlukile):
Kusukela esiphambanweni somgwaqo uMalandela noNkonjane, ngasenyakatho–mpumalanga kugudle umgwaqo uMalandela, kubalwa kuwo indawo ebekelwe ujantshi wesitimela esiteshini saKwaMashu nomgwaqo Umsunduzi ukuya esiphambanweni somgwaqo Amanzimtoti , uma uqhubeka nenyakatho–mpumalanga ugudle umgwaqo uMalandela uze uyowela umhosha waKwaMashu, ngasenyakatho kuya emgwaqweni uNdlondlo, ugudle umngcele ongasempumalanga wenkundla yemidlalo uSports Ground No. 4, ngasenyakatho-ntshonalanga ugudle umgwaqo uNdlondlo bese kuba umgwaqo uNyala kuze kuyofika emgwaqweni uMkhiwane, ngaseningizimu–ntshonalanga ngasemgwaqweni uMkhiwane kuya esiphambanweni salo mgwaqo noBhejane Road Extension, ugudle umngcele ongasentshonalanga kaRem of Erf 44 of KwaMashu P kuya kuMpangele Road, ngaseningizimu–mpumalanga ugudle uMpangele Road uye emgwaqweni uMalandela, kanye nangaseningizimu–ntshonalanga ugudle umgwaqo uMalandela ubuyele lapho kuqala khona.

UMLAZI MISSION A, UMLAZI SECTIONS D, S &V
Ngaphakathi kwendawo echazwe ngezansi (kubalwa nawo womabili amacala emigwaqo eshiwo):
(a) Kusukela esiphambanweni semigwaqo uDion Mkhize no-Ephraim Mdala Maphumulo, ngasenyakatho ugudle umgwaqo u-Ephraim Mdala Maphumulo kuya kuGriffiths Mxenge Highway, kuye ngasempumalanga kaGriffiths Mxenge Highway kuya ngasesiphambanweni salo mgwaqo noPrince Mcwayizeni Drive, ngaseningizimu ugudle uPrince Mcwayizeni Drive uze uyofika esiphamabnweni salo mgwaqo no-Griffiths Mxenge Highway kanye
(b) Kusukela esiphambanweni sikaGriffiths Mxenge Highway noNtonto Zulu Drive, ngasenyakatho ugudle umgwaqo uNtonto Zulu Drive, uze uyofika kwanombolo 111 Ntonto Zulu Drive.

Inkundla yezemidlalo iSugar Ray Xulu
Ngaphakathi kwendawo echazwe ngezansi (kubalwa nawo womabili amacala emigwaqo yomphakathi eshiwo, ngaphandle uma kushiwo okwehlukile):
Kusukela esiphambanweni semigwaqo esisenyakatho-ntshonalanga sikaFreese Road no- Seventh Avenue, kuya esiphambanweni salo mgwaqo no-Twenty Seventh Avenue, kusuke ku-Twenty Seventh Avenue kuya kuPosselt Road, ugudle uPosselt Road uye kuTwelfth Street, Ugudle uTwelfth Street uye ku-Twenty Third Avenue ukuya kuZazi Road, ugudle uZazi Road uye kwanombolo 41, bese uwelela ngaphesheya komgwaqo ubuyele kuTwenty Third Avenue, ugudle uTwenty Third Avenue kuya ku-Eleventh Avenue bese ugudla u-Eleventh Avenue uye ku-Twenty First Avenue bese ubuyela ku-Twenty Second Avenue, uhambe ngoTwenty Second Avenue uye kuSea Street bese ulandela uSea Street uze uyofika ku-Twenty Fourth Avenue, uhambe ngo-Twenty Fourth Avenue uze uyofika ku-Fourteenth Avenue, uhambe ngo-Fourteenth Avenue uze uyofika kuClermont Road, kuClermont Road uye ku-Thirty Third Avenue, uhambe ngo-Thirty Third Avenue uze ufike kwanombolo .39, uwelele ngaphesheya komgwaqo uze uyofika kuP Tshabalala Avenue, uhambe ngo-P Tshabalala Avenue uze uyofik aku-Thirty Third Avenue, uhambe ngo-Thirty Third Avenue uye ku-Thirty First Avenue, uhambe ngo-Thirty First Avenue uze uyofika ku-P Tshabalala , uhambe ngo-P Tshabalala uze uyofika kuRodger Sishi Road, ulandele uRodger Sishi Road, bese ungena ku-Freese Road ubuyele lapho uqale khona.
Kuzolawulwa ngalolu hlobo ukuqhutshwa kwebhizinisi lomhwebi osebenzela emgwaqweni noma lomuntu oqhuba ibhizinisi lakhe ngokuhamba edayisa:
Ngezizathu zokuthuthukisa nokulawula ukuhweba emgwaqweni kulezi zindawo ukuqhuba ibhizinisi ngaphakathi komgwaqo womphakathi noma endaweni yomphakathi akuvunyelwe ngaphandle kwakulezo zingxenye ezibekelwe lokho ezikhonjiswe ngezaziso, izimpawu kanye/noma ngemidwebo. Akukho mdayisi wasemgwaqweni noma ohamba noma ozulazula edayisa okumele avumele noma yini okungaba yinto, yimpahla, okusamphemana, uphawu lokukhangisa, imoto, inqodlana nanoma yini nje enye kumbe ingxenye yalokho akusebenzisayo noma akukhiqizayo ebhizinisini ukuba ibe semgwaqweni womphakathi noma endaweni yomphakathi kube kungekhona lokhu okushiwo endimeni yokuqala engenhla. Akukho muntu okumele aqhube ibhizinisi njengomdayisi wasemgwaqweni noma ohamba noma ozulazula edayisa ngaphandle kwalapho kusemphemeni noma endaweni eqashiwe noma ayinikwe nguMkhandlu ngokweSigaba 6A(3)(c) soMthetho iBusinesses Act, 1991 (Umthetho 71 ka-1991) futhi kuvumelana nemibandela yalokho kuqashiselana noma ukunikwa. Akukho muntu ovumelekile ukuba aqhube ibhizinisi njengomdayisi wasemgwaqweni noma ohamba noma ozulazula edayisa: Noma kuyiphi indawo ekhonjwe njengebekelwe imibandela ngokweSigaba 6A(2)(a) soMthetho;
Esitendeni nakunoma iyiphi indawo okuqondwe yona eSigabeni 6A(3)(b) soMthetho, uma engaphethe bufakazi bokuthi uyiqashile noma uyinikiwe leyo ndawo.
Isinqumo soMkhandlu okukhulunywa ngaso ngenhla kanye namapulani angonombolo: SJ 4479/2; SJ 4538/10; SJ4568/5 no-SJ 4568/4 kuyatholakala kulabo abafisa ukukubona emahhovisi akwa-Business Support, Room 1101, 75 Dr Langalibalele Dube (Winder Street), 11th Floor, eThekwini, Ucingo: (031) 3114500; Ifeksi (031) 3325671; e-mail: nhlumayop@durban.gov.za
Imihlangano yomphakathi iyoba ngezikhathi nasezindaweni ezikhonjwe ngenzansi ngenhloso yokwazisa bonke abathintekayo ngalezi zinhlelo zikaMasipala.

Noma ngubani ofisa ukuphikisana nalokhu okuhlongozwa nguMasipala okuchazwe kule saziso kumele alubhale phansi udaba lwakhe zingakapheli izinsuku ezingamashumi amabili nanye (21) kusukela ngosuku lwalesi saziso incwadi ayithumele ehhovisi likaCity Manager, eThekwini Municipality, City Hall, Dr Pixley KaSeme (West) Street, Durban, 4000 ifike ngaphambili kokuba kushaye ihora lesine ntambama mhla ka 30 ku-Novemba 2009.
Noma ngubani ongakwazi ukubhala angeza eCity Hall ngezikhathi zomsebenzi lapho iMenenja yeDolobha iyomsiza khona ngokumnika umuntu ofanele oyombhalela phansi lokho afisa ukukusho.

UHLA LWEMIHLANGANO YOMPHAKATHI

USUKU	**INDAWO**	**ISIKHATHI**	**ABETHULI**
16 November 2009	Riverhorse Valley	09h00 – 12h00	Mr Justice Dlamini
17 November 2009	KwaMashu Indoor Sports Centre	09h00 – 12h00	Mr Justice Dlamini
18 November 2009	Clermont – Auditorium Hall	09h00 – 12h00	Ms Nomonde Mlolongo
19 November 2009	V Section Hall Umlazi	09h00 – 12h00	Mr Samson Chiya

CITY MANAGER
M.O.SUTCLIFFE